# KHOLWANI NGUNKULUNKULU

. . .?. . .ngoluny'usuku. Futhi emuva le kungakabikho-kukhanya emhlabeni, imizimba yethu yayilele kuloluthuli. Senziwe ngothuli, ngepotashi, nekhalisiyamu, nepetroliyamu, nokukhanya komhlaba nezulu. UNkulunkulu wathumela uMoya oNgcwele oMkhulu ukuba ufukamele phezu komhlaba, futhi lapho Ufukamela, izimbali ezincane ziqala ukufika, nezinyoni zandiza zaphuma, nezilwane zavela emhlabeni.

2 Kwase-ke kufika umuntu, futhi wona futhi wazehlukanisa yena uqobo enhlanganyelweni kaNkulunkulu wakhe. Futhi ngenxa yalento embi kabi, wayalwa nguNkulunkulu ukuba abuyele othulini lomhlaba. Kodwa, O Nkosi Nkulunkulu, sijabula kakhulu ukuthi ngaphambi kokuba abuye, Wethembise uMhlengi.

3 Futhi namhlanje, selokhu Efikile futhi wathumela uMoya oNgcwele futhi, futhi manje Usafukamela phezu kothuli, imizimba yethu, futhi uma Engivusile, futhi wangiletha kulokho engiyikho manje, ngaphandle kokuba nokukhetha, Uzosivusa kakhulu kangakanani othulini lomhlabathi, emva kokuba sesenze ukukhetha, futhi Ufukamele kithi, futhi sifukamela kuYe na? SiyaMthanda.

4 Sinesiqiniseko esibusisiwe ukuthi ngolunye usuku lemizimba emibi kakhulu izoguqulwa futhi yenziwe ifane nomzimba waKhe uQobo okhazimulayo, ngawo Akwazi ukunqoba zonke izinto kuYe uqobo.

5 Sizocela kulobubusuku, ukuthi Uzofika futhi afukamele futhi phezu kwalababantu, athumele uMoya waKhe kuzo zonke izinhliziyo, elahla isono, nokugula, futhi eletha abantu ekuqondeni ukuthi balapha ngenhloso. Futhi leyonhloso akusikho nje ukwakha izindlu, nokutshala izivini, ukugibela ezimotweni, futhi ugqoke izingubo ezinhle, futhi uye emabandleni, kodwa ngukuMkhonza. Futhi kwangathi thina kulobubusuku, ngakho konke okungaphakathi kwethu, singaMkhonza ngoMoya nangeqiniso. Siphe khona, Nkosi.

6 Futhi lapho sesihamba kulobubusuku ukuya emakhaya ethu ehlukene, kwangathi singasho endleleni njengalabo ababili ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Ngokuba siyakucela, eGameni laKhe, nangenxa yenkazimulo yaKhe. Amen.

7 Ningahlala phansi. Kube, impela, inhlanhla enkulu ukuba lapha kuleli elimangalisayo, idolobha elincane, nokukhonzisa eGameni leNkosi, nokuba nenhlanganyelo nabehlukene esihlangane nabo. Nalomelusi othandekayo, uMfowethu Ball,

ngikholwa ukuthi yigama lakhe, engixhawulane naye emsamo, ngifuna ukusho ukuthi ngikholwa ukuthi wenze konke okulele ngaphakathi kwamandla akhe obuntu ukwenza umhlangano ube yimpumelelo kinina bantu.

8 Futhi nifanele nimthokozele umfundisi onjalo, nabo bonke laba abanye abefundisi onamagama abo lapha, amabandla abo, a, mhlampe, aphumile, futhi bebambisana kulemihlangano, nokho, bengangazi mina, futhi nje ngokukholwa, futhi bekholwa, nikwenzile. Futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzokubusisa ngokucebile nangokuchichimayo ngayo yonke imizamo oyivezile.

9 Futhi manje, siyadabuka ukuthi sifanele sihambe, lobubusuku obubili nje, siqhubekela ezansi endaweni ebizwa nge-Everett, ngiyakholwa, esifundazweni sakini esithandekayo saseMassachusetts, nalapho, kusukela phezulu bese-ke kuyongena eMaine. Bese kuthi-ke emva kwesikhashana, emavikini ambalwa, ngizobe ngiya phesheya kwezilwandle ngiya e-Afrika, eNdiya; phakathi lapho, kubonakala sengathi, inkonzo yami inomthelela omkhulu kakhulu.

10 Abantu baseMelika abakwemukeli kahle kakhulu, ngoba iMelika ingabantu abanobuhlakani, abantu osekele imicabango yabo phezu kohlangothi lokufunda ingqondo kwesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, nobuhlakani, nalokho amehlo abo angakubona, izakhiwo ezinhle, nabakhulu, abakhukhumele, abashumayeli abafundile, abanemifundaze, nokunye nokunye, futhi phezu kokungaPhezu kwemvelo, banqikaza kakhulu, futhi lokho kungukugcwalisa umBhalo.

11 E-Afrika, ngenye intambama ngibone abahedeni abambethe izingubo zokulala abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, nezithixo ezingalweni zabo, bemukela uJesu Kristu njengoMsindisi womuntu siqu, izinkulungwane ezingamashumi amathathu, abahedeni abanamacici.

12 EBombay, eNdiya nabakaMohamede, nabakaBuda, amaJain, amaSikh, kanjalonjalo, nje kwaku, wawungeke ubabale, kwalinganiselwa ukuthi cishe impela ingxenye yesigidi babelapho, ngoba indoda eyimpumputhe yemukela ukubona kwayo emsamo. Futhi e-Afrika indoda yayiholwa ngeketango, njengokhololo entanyeni yayo, njengenja, ingaphilile ngisho nangokwengqondo, yayiphelele futhi imi ngokwejwayelekile ekamelweni phambi kwabantu, noma, u—umzila womjaho.

13 Abantu baseMelika babona ngisho okukhulu kunalokho, angikhulumi ngani maKristu azelwe ngokusha, bayahambahamba bese bethi, “Awu, kuwuhlobo oluthile lokuthwebula. Kuyi—kuyi mhlawumpe, mhlawumbe, u—ukufunda umcabango, noma okuthize.”

14 Akumangalisi izibhamu zibhekiswe kithina ukwenzela ukwahlulelwa; asikwazi ukuphunyuka ekwahlulelweni.

Ngikushilo lokhu, futhi ngikusho kungesikho ukuthuka okungcwele, noma ukwehluka: "Kodwa uma uNkulunkulu ededela lesisizwe sizedlulele nesono esisenzayo, Uyodingeka avuse iSodoma neGomora futhi axolise ngokubashisa." Kunjalo. UNkulunkulu uzofanele ahlale efana. Uyasithanda isoni, kodwa Uyasizonda isono. Futhi Ulungile, futhi Uyazibusa, futhi Ufanele ahlulele isono.

15 Ngakho, njengoba isizwe sakithi siqhubeka sigxambuza esonweni, oBilly Grahams, u-Oral Roberts, oJack Shulers, abanye abadabula esizweni ngezimvuselelo ezinkulu ezishayayo, bona ngokuqhubekayo . . . Isono siyaqhubeka.

16 Ungeke wabatshela, ngoba udeveli usengamele isizwe. Ufika kithi eminyakeni embalwa edlule, wayehlala eParis, udeveli nezingelosi zakhe, futhi babenempi yokuqala yomhlaba, neJalimane yayizocwilisa isizwe ngaphansi komhlaba, kodwa sawela ukuyobasiza, futhi kwathi nje kungaphela, kwase kubuyile futhi ewayinini, abesifazane, nesikhathi esikhulu. Khona-ke uSathane wathumela amaphethini akhe ngapha, wahlubula abesifazane bakithi, waletha ihlazo esizweni sakithi, ngamaphethini nezimfashini, khona-ke wavele wathatha impi yakhe futhi wehlela eHollywood.

17 Abaningi benu bantu ngeke navumela abantwana benu baye emibukisweni yezithombe futhi babone into enjalo, udeveli uyindoda ehlakaniphile, ukungenisa ngqo kwithelevishini, ukuze niqiniseke ukukuthola. Futhi namhlanje, abantu bahlala ekhaya bengayi emihlanganweni yomkhuleko, nemibuthano emikhulu yezenkolo, ngoba bafuna ukubona u*We Love Susie*, noma into efana naleyo, noma u-Elvis Presley emculweni wokuzibinya, lelo yiqiniso elihlezi obala.

18 Intukuthelo kaNkulunkulu ivuthekele isizwe, futhi uzokwemukela ukujeziswa nokwahlulelwa. Kubhale ephepheni elingabhalwe lutho leBhayibheli lakho futhi usho ukuthi uMfowethu Branham washo njalo. Uma kungafezeki, ngingumprofethi wamanga, ngokuba ngino ISHO KANJE INKOSI.

19 Ngakho naphunyuka kulololaka. Yinye kuphela indlela yoku . . . Ngiqaphelile ezitaladini zenu, nangokuzungeza phakathi lapha, ninemipheme yamabhomu, ngeke kunisize nakancu. Bekuyokwenzekani ukuthi ibhomu elingaqhumisa imbobo emhlabathini amafidi ayikhulu namashumi ayisikhombisa nanhlanu ukujula amamayela ayisikwele amathathu na? Ukuba-ke ubungamafidi angamakhulu amahlanu phansi emhlabathini na? Bekuyoba ukuxukuzeka okukhulu bekungebebikho thambo elisele kuwe.

20 Kodwa ngiyaniqondisa kulobubusuku emphemeni wangempela webhomu, awumbi emhlabathini, wenziwe ngezimpaphe: ngaphansi kwamaphiko aKhe, lowo umpheme

webhomu wangempela. Balekani kulobubusuku olakeni oluzayo. Futhi khumbulani, lemihlangano ayiqondisiwe kunoma iyiphi inhlangano ethize, lolosuku lokuqophisana seluphelile, uNkulunkulu ubiza iBandla laKhe, abantu baKhe. Futhi igama elithi *ibandla* lisho ukuthi, "ababizelwe ngaphandle."

21 UNkulunkulu anibusise befundisi nani bantu. Futhi ngithemba ukuthi okwethu okuncane, ukuhlala kobusuku obubili kuzofakazisa umphumela onjalo, ukuthi kuzobakhona imvuselelo eyifeshini endala ebhobokela kulelizwe lapha ezokhukhula amanzi, kuze kukhishelwe ngaphandle inhlanzi yokugcina yoMbuso kaNkulunkulu, lowo ngumkhuleko wami.

22 UBilly uhlangane nami lapho emzuzwini odlule nje, wayesethi, "Babayi, bakuthathele umnikelo wothando." Bekungadingekile. Angiyithathi imali, futhi angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, qobo lwami, kodwa ngifanele ngibe nemali ukuba ngiphile. Eyami. . .Ngigcine inkonzo yami ithobeke ngempela, ngakho bekungebebikho izindleko ezinkulu ezinamathele kuyo. Izindleko zami zisebenzisa kuphela cishe amadola ayikhulu ngosuku ekhaya, ihhovisi elincane.

23 Manje, wena uthi, "Lokho kungahle kube yimali eningi kakhulu."

24 UMfowethu Roberts usebenzisa ini ngosuku, u-Oral Roberts na? Ndawo ndawo phakathi kwezinkulungwane eziyisikhombisa neziyishumi; uBilly Graham uzokuphindaphinda kabili. Kodwa inkonzo yami idinga ngezinye izikhathi ngiya kobamba umhlangano lapho kunebandla kuphela elingamumatha abantu abangamashumi amabili, uma uMoya oNgcwele ubiza; khona-ke ngingaya endaweni lapho esingaba nezigidi khona, uma kunesidingo, khona-ke omunye uxhasa lokho futhi akukhokhele.

25 Ngakho-ke ngiphila ngokuthula nje nangokuzithoba, futhi ngikhonze iNkosi. Futhi ngiyanibonga ngomnikelo, noma ngabe kuyini, kuzoya eMbusweni kaNkulunkulu, ngokwazi kwami okwedlula konke. Imali yenu eniyifakile, ngingumphathi phezu kwayo manje njengofakazi kaKristu, futhi ngikhulekela ukuthi Uzonibusisa ngakho. Ngizokwenza okwedlula konke engingakwenza ukubona ukuthi kuya ngaseMbusweni kaNkulunkulu.

26 Sethemba ukubuya nani futhi ngolunye usuku, uma lokho kubonakala—kubonakala kuthokozisa kuNkulunkulu, nentando yalelibandla, nabantu.

27 Manje, sikhulekeleni njengoba siya ensimini, ngizama njalo ukubuza abantu. . .Manje, laphaya, akufani njengoba kunjalo lapha, uthi nje ungaphatha into ethize, izinyanga-bathakathi nayo yonke into isenselelweni. Angikaze ngisibone isikhathi, kodwa lokho uNkulunkulu njalo ethathe ukunqoba, uyaphuma nezinkulungwane zemiphefumulo zasindiswa, izinyanga-

bathakathi ziphendukile, kanjalonjalo, uma lokho kwenzeka. Ngikhulekeleni.

28 Manje, ngaphambi kokuba sivule leliZwi, asibe nelinye nje izwi lomkhuleko.

29 Nkosi Nkulunkulu, amadoda akwaziyo ukunyakazisa izandla zawo, abengavula izivalo zeBhayibheli, kodwa uMoya oNgcwele uzofanele uhumushe leliZwi. Ngakho sicela ukuthi uBukhona baKhe obukhulu buzofika, futhi buzogcoba izindebe ezikhulumayo, nezindlebe ezizwayo. Siphe khona, Nkosi. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, ukuze sihlanganyele ngaseZwini. Amen.

30 ENcwadini kaMarku oNgcwele, isahluko 11, ngifisa ukufunda ivesi 20:

> *Ekuseni, bedlula, babona umkhiwane ubunile kusukela ezimpandeni.*
>
> *UPetru ekhumbula* wathi *kuye, Nkosi, bheka, umkhiwane* owuqalekisile *ubunile*.
>
> *UJesu waphendula wathi kubo, Kholwani nguNkulunkulu.*

31 Futhi leyo yindikimba yami okwemizuzwana embalwa nje, futhi sileyithi, kodwa angifuni nicabange ngalokho, kususe lokho emqondweni wakho okwalesisikhathi nje. Si... Mhlawumbe isikhathi sethu sokugcina, abaningi bethu, abayoke bahlangane ndawonye emhlabeni. Ngakho asisondele ekunakeni iZwi laKhe, futhi njengoba ngizama, ngosizo lwaKhe, ukuthatha lendikimba encane okwemizuzwana embalwa nje: *Kholwani NguNkulunkulu*.

32 Ungahle uthi, "Mfowethu Branham, leyo yi—yindikimba encane kakhulu."

33 Kodwa akusibo ubungako bayo, kungukuthi isho ukuthini. Lowo ngumBhalo owenele ukusindisa umhlaba wonke, nokuphulukisa wonke umuntu ogulayo ezweni, ubuyisele uJesu emhlabeni futhi.

34 Futhi bengicaphuna esikhathini esithile esedlule kwenye yezinkonzo ngomfanyana engangimazi edolobheni elithize owayeklabalasa ekamelweni eliphansi kophahla endlini enesitezi, futhi wathola kulelikamelo elidala elingaphansi kophahla endlini enesitezi, noma, ekamelweni elisesitezi elingaphansi kophahla itranki elidala, futhi efunisisa phansi etrankini, wathola phakathi lapho esincane, isitembu sokuposa esiphuzi, sasiphuzi ngokukhula. Futhi wasiyisa ngale kumngane wakhe oqoqa izitembu, wayesethi, "Uzonginika malini ngalesisitembu na?" Awu, wayelindele amasenti amahlanu noma ayishumi, mhlawumbe nekhoni ka-ayisikhilimu engqondweni yakhe.

Wathi, wasibheka, umqoqi, futhi wayazi ukuthi kwakuyisitembu esinenani, ngakho wathi, "Ngizokunika idola ngaso."

35 Awu, lokho kwakungokuhle, ukuthengisa okusheshayo kumfana omncane. Wathatha idola, umqoqi wezitembu wathatha isitembu, futhi wehla ngesitaladi waya ku-ayisikhilimu wakhe.

36 Nomqoqi wezitembu uqala ukusebenza esitembini. Emavikini ambalwa kamuva, wasithengisa ngamadola angamakhulu amahlanu, kwase kuthi-ke kancane emva kwalokho, sathengiswa cishe ngamadola ayizinkulungwane ezintathu, futhi manje bathi sibiza ikwata yesigidi samadola.

37 Niyabo, kwakungesilo elincane, iphepha eliphuzi, ngoba ubungeke ngisho ulicoshe ngisho ukuba belisesitaladini, kodwa okwasenza saba yigugu kakhulu, kwakuyilokho okwakubhalwe kulelo elincane, iphepha eliphuzi.

38 Futhi kungaleyondlela ngalokhu kulobubusuku, yisiqephu sephepha nje, akusilo iphepha elinenani kakhulu, kodwa yilokho okubhalwe kulo okunenani kakhulu, ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu. Futhi onke amaZulu nomhlaba kuzodlula, kodwa leloZwi alisoze ledlula.

39 Indoda ilunge nje njengezwi layo, ulunge nje njengezwi lakho, ngilunge nje njengezwi lami. Uma ngingenakulithatha izwi lakho, angifuni-kusebenzisana nawe, ngifuna ube ngokufanayo kimi; futhi sifanele sifane kuNkulunkulu. Uma Engenakuligcina iZwi laKhe, khona-ke ngifuna ukwazi ukuthi Ubani uNkulunkulu ongagcina iZwi laKhe.

40 Ngakho, Wathi, "Kholwani nguNkulunkulu," okuncane kakhulu. Ukukholwa, ngani, kuyinto ejwayeleke kakhulu ekhona. Awukwazi ngisho nokuthola amanzi okuphuza ngaphandle kokukholwa, ubungeke uze kulomhlangano ngaphandle kokukholwa, ubungeke unyakazise umunwe wakho ngaphandle kokukholwa. Kuyashiwo emBhalweni ukuthi ngenkathi befaka igazi ekhothamo lomnyango benzela iphasika eGibhithe, lafakwa ngehisopi. Niyazi ukuthi yini ihisopi na? Ihisopi wukhula olujwayelekile, ungalithola nje noma yikuphi. Futhi yileyondlela iGazi elizobhecwa ngayo emnyango wenhliziyo kulobubusuku, kungento ethize ejwayelekile: ukukholwa.

41 Sizama ukukucindezela sikukhiphe futhi sikwenze into okungekho muntu ongayibamba, kulula kakhulu, ukuthi weqa ngaphezu kwechopho lakho, uzama ukukuthola. "Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo," kwasho umbhali wamaHeberu isahluko 11, ivesi 1.

42 Manje, kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo. Manje, akusikho nje ukucabangela, kuyinto onayo. Isibonelo nje, ukuba

bengibulawa yindlala, futhi ufika kimi, futhi wathi, "Yini ezosindisa impilo yakho na?"

Bengiyothi kuwe, "Ulofu owodwa wesinkwa."

Futhi ubuyothi, "Mnu. Branham, nanka amasenti angamashumi amabili nanhlanu." Lawomasenti angamashumi amabili nanhlanu ngamandla okuthenga ulofu wesinkwa.

43 Awu, ngenkathi ngithola lawomasenti angamashumi amabili nanhlanu, bengingajabula, unginike amandla okuthenga ulofu wesinkwa. Manje, anginaso isinkwa, amasenti angamashumi amabili nanhlanu akusona isinkwa, kodwa ngamandla okuthenga isinkwa, futhi lapho nginamandla okuthenga, kuhle nje njengokuba nesinkwa.

44 Manje, kungaleyondlela ngokukholwa. Abantu babuka phansi, bathi, "Anginakho ukukholwa okwenele kwesandla sami esikhubazekile." Ukuba ubunokukholwa, ubungeke ngisho ubuke isandla sakho esikhubazekile. Niyabo, ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo.

45 Manje, ngingajabula nje ngamasenti angamashumi amabili nanhlanu, njengoba bengingajabula ngolofu wesinkwa, ngoba nginayo into ethenga ulofu wesinkwa, futhi ngokushesha nje lapho ngifika emakethe, nginolofu wesinkwa. Nokukholwa yinto eletha ukuphulukiswa kwami, futhi akunandaba ukuthi kungithatha isikhathi eside kangakanani ukufika kuleyondawo, nginokukholwa okuzokwenza masinya nje lapho sengifika lapho. Niyakuthola na?

46 Manje, ngingajabula nje ngekwata, njengoba ngingakwenza ngesinkwa. Futhi lapho phansi enhliziyweni yakho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphulukisile njengoba nje—njengoba nje ngempela ukholwa ukuthi unamandla okuphuma kulowomnyango, noma kanjalo nje njengokubona, umuzwa wokubona uthi leloyembe limhlophe, sekuphelile, akukho lutho olungakususa kuwe, ngoba sekwedlulele ngale kobuhlakani, sekuye enhliziyweni yakho, ngukukholwa kwangempela.

47 Manje, ngizothola lolofu wesinkwa, ngingahle ngidingeke ukuba ngihambe phezu kwesixhobo sameva, futhi ngehlele phezu kwamabhuloho, nokuwela imifudlana, naphezulu egqumeni, kodwa ngaso sonke isikhathi ngihamba, ngiyobe ngimemeza ngayo yonke inhliziyo yami, ngiphakamisa amasenti ami angamashumi amabili nanhlanu, ngoba ngisendleleni yami ngenxa yesinkwa.

48 Futhi uma uKristu embula kimi kulobubusuku ukuthi ngiphulukisiwe, ngingajabula kakhulu nje njengoba bengingagxuma phansi naphezulu kwiphansi lendlu, akunandaba noma ngabe ngisakhubazekile, noma ngabe ngisagula, ikhanda lami lisalokhu libuhlungu, noma kuthiwani ngakho, ngijabule impela nje, ngoba ngisendleleni yami namandla okuthenga; lokho ukukholwa. UJesu wathi,

"Kholwani nguNkulunkulu." Qaphelani ukuthi kusemqoka kanjani!

49 Kodwa manje, wena uthi, "Ukukholwa kwami kuncane, futhi ngineqiniso ukuthi uNkulunkulu angeke akuqaphele ukukholwa kwami, kuncane kakhulu."

50 Wathi, "Uma unokukholwa okungangembewu yesinaphi," okungencane kunazo zonke izimbewu, kodwa ngokuba ngumfuyi wezinkomo, qobo lwami, futhi ngifunda ezolimo, imbewu yesinaphi iyimbewu eyodwa engeke yaxubana nenye imbewu, konke kuyisinaphi, futhi kuzohlala kuyisinaphi. Futhi ungahle ungabi nakho ukukholwa okwenele ukuba kwenziwe isimangaliso kuwe, futhi uma nje unokukholwa kwembewu yesinaphi, hlala nakho, kuzokuholela ekuKhanyeni, futhi ngeke kuxubane nalutho olunye. Akunandaba ukuthi noma ubani uthini, usakukholwa. Akunandaba ukuthi izimpawu zakho zithini, usakukholwa, ngoba ngukukholwa kwangempela, futhi ngeke kuxubane nokungabaza nomaphi, ukukholwa kwembewu yesinaphi. Futhi uNkulunkulu uyakuqonda lokho kukholwa okuncane onakho.

51 Lapha esikhathini esingeside esedlule eCanada, uKing George ongasekho wehla ngesitaladi. Futhi umngane wami, uMnu. Baxter, lapho emi esitaladini futhi ebhekisisa umbukiso...Futhi izikole zonke zakhishwa, futhi banika abantwana abancane amafulege amancane aseBrithani ukuba bawaphephezelise enkosini lapho idlula. Futhi ngenkathi inkosi yedlula, abantwana abancane becula *Nkulunkulu Sindisa iNkosi*, bephephezelisa amafulege abo amancane. Emva kokuba udwendwe seluphelile, abafo abancane babuyela ezikoleni zabo.

52 Futhi esikoleni esisodwa esithize eBritish Columbia, eVancouver, kwakukhona intombazanyana engabuyanga. Futhi uthisha waxhuxhuma kakhulu, futhi wagijimela ezitaladini futhi waqala ukufuna intombazanyana, "Yayingaba kuphi na?" Futhi emva kwesikhashana, bayithola incike esigxotsheni sethelegrafu futhi yayikhala izinyembezi ngenhliziyo yayo encane kanzima. Nothisha wayiqukula ngezingalo zakhe, wayesethi, "Busiswa, s'thandwa! Ukhalelani na?" Nentombazanyana, inesilokozane *kanjalo*, ayikwazanga ngisho nokutshela uthisha, inhliziyo yayo encane yayephukile. Futhi uthisha wathi, "Awuyibonanga yini inkosi na?"

Yathi, "Yebo, ngiyibonile inkosi."

"Uliphephezelisile iflege lakho na?"

"Yebo, ngiliphephezelisile iflege."

"Futhi uculile, *Nkulunkulu Sindisa iNkosi*?"

Yathi, "Ngijoyine kanye nabo bonke abanye, ngicula, *Nkulunkulu Sindisa iNkosi*."

"Nenkosi yedlula ngapha na?"

"Yebo."

"Futhi uyibonile na?"

"Yebo."

"Awu, ukhalelani na?"

Yathi, "Thisha, isizathu ngikhala, ngiyibonile inkosi, kodwa bengimncane kakhulu, ayingibonanga."

53 Lokho akunjalo ngoJesu, akunandaba ukuthi umncane kangakanani, noma ukuthi ukukholwa kwakho kuncane kangakanani, vele ukuphephezelise, Uzokubona kahle nje njengoba Ebona ukukholwa kwabanye. O, lokho kuMenza athandeke kakhulu, abe ngokoqobo kakhulu. Akunandaba ukuthi kuncane kangakanani, noma yini oyinikela kuYe, Ulungele ukukwemukela.

54 Bese kuthi-ke enye into, ukukholwa kusebenza kakhulu ngesehlakalo, noma, mangikuguqule lokho futhi ngikusho ngalendlela: Isehlakalo sihambisana nokukholwa. Ngokwejwayelekile uma ube nesehlakalo, kuzoba wusizo olukhulu ekukholweni kwakho.

55 Ngesinye isikhathi ngenkathi u-Israyeli wayebizelwe empini, futhi i, emelene namaFilisti, nezimpi zazibuthene nesigodi phakathi kwabo, nomFilisti, njengezwe lesimodeni, lapho becabanga ukuthi banokuthile kuwe, bayathanda ukuvuvuzela ngakho, njengoba sikubiza eningizimu, njengesisho sasesitaladini, uhlobo lokudedela ingcindezi ngakho. "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Siyibandla elikhulu kunawo onke elikhona edolobheni, zonke izinkambiso zethu zisho ukuthi lezozinto azisekho." Kodwa iBhayibheli lisho ukuthi zingezangempela. Ngakho susa isiko lakho.

56 Futhi ngakho, babenophosela inselele omkhulu ogama linguGoliyati, owaye, o, wayefana nesiqhwaga sangaphambi komlando. Iminwe yakhe emikhulu yayingamayintshi ayishumi nane ubude iBhayibheli liyasho, nomkhonto wakhe wawunjengenalithi yomaluki, mhlampe omude njengokusuka lapha uye odongeni. Manje, umuntu ojwayelekile ubeyokwenzani ngendoda enjengaleyo empini na? Futhi mhlawumbe, izikhathi eziningi mkhulu kunendoda enkulu kakhulu, mhlawumbe emkhulu ngokuphindwe kasishiyagalombili noma kashumi.

57 Futhi manje, ngenkathi bebona ukuthi babenendoda enjalo, yenza isiphakamiso nabo, yaphuma (Futhi niyazi, isono siyingozi kakhulu, nokungakholwa kuyisono, futhi ukungakholwa kuyingozi kakhulu, kudlala inqwaba yamaqhinga angenacala kuwe.), ngakho iyaphuma yayisithi, "Asifanele sibe nokuchitheka kwegazi. Si . . ." ("Ukuze nje ujoyine ibandla, yilokho kuphela okudingekayo.") "Asifanele

sibe nokuchitheka kwegazi, masenze isiphakamiso: Khethani indoda ebuthweni lenu, futhi mayize ilwe nami, futhi uma ngiyibulala, khona-ke nonke nizosikhonza; futhi uma ingibulala, sizonikhonza."

58 Impela, ngenkathi bethola amathuba anjalo. Futhi wonke umuntu enhliziyweni ka-Israyeli waquleka, ngoba babecabanga, mhlawumbe wayezobizwa ukuba aye enselelweni. Kodwa kusukela enkosini kuqhubeke kwehle, bonke babesaba.

59 Ngakho isiqhwaga esikhulu sasiphuma nsuku zonke futhi siziqhumise, "Anizi ngani ngapha, futhi nje asikuxazulule na?"

60 Akekho owanyakazayo. Futhi uma kwakukhona noma yimuphi umuntu eqenjini owayekwazi ukukwenza, kwakunguSawulu, inkosi, into yokuqala, waye, umBhalo wathi wayekhanda namahlombe ngaphezu kwebutho lakhe, noma yimuphi umuntu ebuthweni, walinganisa ikhanda namahlombe ngaphezu kwakhe. Futhi wayeyiqhawe, wayeqeqeshwe kahle, waqeqesha amadoda ukuba alwe ngomkhonto. O, uma kukhona noma yiyiphi indoda eyayiqeqeshiwe, futhi—futhi kubonakala sengathi, ngokukhuluma ngokobuntu, ekwaziyo, kwakunguSawulu.

61 Njenganamhlanje nje, uma kukhona noma yimuphi umuntu ofanele aqeqeshelwe ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nokushumayela amandla kaNkulunkulu, kufanele kube yilamakholiji nezikole, kodwa ngokwejwayelekile amagwala amakhulu kunawo onke esinawo.

62 O, bafanele balazi iZwi, bafanele bawazi amandla kaNkulunkulu, kodwa abaningi babo bayaphenduka, bengazi lutho ngoNkulunkulu, kunoma iLawu lazi ngobusuku baseGibhithe. Angizami ukuzenza onobuhlakani, ngibeka iqiniso nje. Futhi ngi—ngicabanga ukuthi izikole namakholiji kulungile, kodwa awukwazi ukuma kulokho. Futhi izikhathi eziningi, yingalesosizathu amapulpiti ethu ebuthakathaka kakhulu namhlanje, futhi engamkholwa uNkulunkulu, futhi engafundisi ukukholwa kwakho konke ukubuyisana, yingoba kade echanyuselwe endaweni enjengaleyo.

63 Umshumayeli wasekholiji wayehlala njalo engikhumbuza ngenkukhu yomshini wokuchamusela. Niyazi, inkukhu encane yomshini wokuchamusela, yazalwa ikahle, kodwa nje ithi "*Tshiyo*, *tshiyo*, *tshiyo*," futhi ayinamama engaya kuye. Lokho nje kuyangikhumbuza, bayompongoloza, futhi baqhubeke, futhi bangazi lutho ngoNkulunkulu, ngoba abakwaziyo kuphela yisikole. Ngingathanda ukuba nendoda uma yayingawazi umehluko phakathi kukabhontshisi ohlukanisiwe nekhofi, futhi imazi uNkulunkulu njengombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi yagcwaliswa ngenkazimulo yaKhe namandla, kunayo yonke imfundo obungayiphehlela kumuntu futhi ungamazi uNkulunkulu.

64 Yingalesosizathu amapulpiti ethu ebuthakathaka, ngoba sithi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule." Bukani ukuthi umama wethu ukuphi, ungumshini wokuchamusela ochanyuselwe njengamadazini.

65 Qaphelani, noSawulu wayesaba ngakho konke ukuqeqeshwa kwakhe, nendoda ehlome ukwedlula wonke ukuba ikwenze, kodwa yayesaba ukukwenza. Ngani na? Ayizange ibe nesehlakalo esiningi. Wayazi ukuthi lokho kuthathe okungaphezu kokwazi ukuthi umkhonto uviviswa kanjani. Futhi nokho, babengamabutho kaNkulunkulu oPhilayo.

66 Futhi namhlanje amapulpiti ethu namakholiji ethu, amele amabutho kaNkulunkulu oPhilayo.

67 Kodwa ngoluny'usuku, njengoba uNkulunkulu njalo enakho, nakho kufika omncane, obomvana, umfo obukeka emafinjwana, owayenesehlakalo esithize. Ubaba wakhe umnika amaqebelengwane, futhi wamtshela ukuba aphumele empini, ukuyobona abafowabo. Wayebomvana kakhulu futhi esemncane ukuba abe sempini. IBhayibheli lathi wayebomvana, okusho omncanyanyana, umfo othi ukudonsekela phezulu. Futhi igama lakhe kwakunguDavide. Futhi lapha wabonakala ngale egqumeni, noGoliyati wenza ukuqhosha kwakhe ngesikhathi esingafanele, kwakukhona indoda kaNkulunkulu ekamu.

68 Ngakho angahle ukuba wayengawufakile ukhololo wakhe wabheka ngemuva, noma—noma okuthize, angahle ukuba wayengenayo i Ph.D. noma D.D., kodwa wayazi esinye isehlakalo ngoNkulunkulu. Futhi wayegqoke elincane lakhe, ibhantshi lesikhumba semvu, wayengenazo izikhali nenkemba. Kodwa wavele wenyukela lapho, noGoliyati waphuma, futhi wenza ukushaya kwakhe okukhulu, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into enjalo!"

69 UDavide wathi, "Niqonde ukungitshela ukuthi nina madoda aqeqeshiwe beniyoma lapho, futhi nivumele lesosiqhwaga esikhulu, umFilisti ongasokile, adelele amabutho kaNkulunkulu ophilayo na?" Ngani, isibindi salowo omncane, umfo obukeka eyifinjwana! Futhi lokho kwafinyelela enkosini. Wathi, "Ngizohamba ngilwe naye!"

70 O, bacabanga, "Lowomfana uyisiwula. Akanakho ukufunda esikoleni, akanamfundo, akazi ukuthi inkemba isho ukuthini, akazi ukuthi izikhali zisho ukuthini. Akanayo i Ph.D., noma i D.D., noma yikuphi okunye kwakho. Ngakho yini ezweni abengayenza na?"

Ngakho kufika enkosini, umbhishobhi, ngakho wathi, "Ngiyasazisa isibindi sakho, kodwa angikholwa ukuthi ungakwenza."

Wathi, "Bheka, Nkosi . . ."

Inkosi yathi, "Awu, uma ufuna ukuhamba, ngizokunika imfundo, ngizofaka inkemba esandleni sakho, ngifake izikhali zami kuwe."

71 Ngakho uDavide wama ezibuza, futhi bamnika iziqu zeZiqu zobuNgcweti, futhi bamnika i D.D., futhi bathatha izikhali zikaSawulu base besibeka phezu kwakhe. Umfo omncane bandla wayesindwa waze wayothi ngqu emhlabathini.

72 Wathi, "Susa lento kimi!" Lokho kuhle kubashumayeli. "Susa lento kimi, angazi lutho ngokuthi ungasho kanjani ukuthi, '*A-men*,' futhi ukhulume ngohlobo oluthile lwesayense yezenkolo, angazi lutho ngakho, angikaze ngiqeqeshelwe kukho. Kodwa kunento eyodwa engiyaziyo, ukuthi emuva ngaleya kwingemuva legquma, ngangeluse izimvu zikababayi wami, nebhere lagijimela phakathi lase lithatha eyodwa, ngase ngithatha lendwayimane endadlana, ngase ngilishaya ngalilahla phansi ngayo. Nengonyama iyangena yase ithatha eyodwa, ngase ngiyishaya ngayilahla phansi, yavuka, ngase ngithatha inkemba ngase ngiyibulala. Futhi uNkulunkulu owangophula ezidladleni zazo, Uyongikhulula kangakanani kulowomFilisti ongasokile na?"

73 USawulu wathola ukuthi ivesti yakhe yobufundisi ayizange iyenele indoda kaNkulunkulu. Wathi, "Angazi lutho ngalokho, kodwa ake ngihambe nento engike ngaba nesehlakalo ngayo." Malibongwe iGama leNkosi!

74 Okudingwa yinkonzo kulobubusuku, akusibona o B.A. abaningi kakhulu noma o D.D., kodwa yisehlakalo sombhaphathizo kaMoya oNgcwele ofaka ukuphila kumuntu, futhi umnika ukukholwa kuNkulunkulu oPhilayo ongaguquki, isehlakalo.

75 UMose wafundiswa kukho konke ukuhlakanipha kwabaseGibhithe, futhi wayekade eneminyaka engamashumi amane yokufundisa phansi kukanina, futhi wayekwazi ngisho nokufundisa izinduna zaseGibhithe, kodwa kuthathe uNkulunkulu iminyaka engamashumi amane nje ukuthola konke lokho kushaywe kuphume kuye kwingemuva logwadule.

76 Futhi ngoluny'usuku esaluse izimvu zikaJethro, egijima esuka eGibhithe, ebalekela umsebenzi, futhi wacabanga ukuthi uzobuyela emsebenzini nje, akuyeke konke kuhambe, ngoba wayezame ngokwakhe ngaphandle kokuba nesehlakalo. Ukufundisa kulungile, kodwa, "igama liyabulala, uMoya uyaPhilisa." Futhi eBukhoneni balesosihlahla esivuthayo, wayazi kakhulu ngoNkulunkulu ngemizuzu emihlanu, kunoma wayekade efundisiwe eminyakeni engamashumi amane.

77 Kwakuyini na? Kwakuyisehlakalo. Wayengenayo nje incwadi ukuba ayifunde, noma umthetho ukuba awufunde, noma izincwadi ukuba azifunde, wayenesehlakalo sokuthi uNkulunkulu wayesaphila. UNkulunkulu ka-Abrahama

wayephila nje ngalolosuku kulelozwe labezizwe, njengoba Wayenjalo ngenkathi Ekhuluma no-Abrahama noma u-Adamu. Kuthatha lokho-ke.

78 Futhi wonke umuntu oke aye epulpiti ubefanele abe nendawo enhliziyweni yakhe, ingemuva logwadule, uNkulunkulu unikeza bonke abantwana baKhe lesosehlakalo, lapho ohlangana khona noNkulunkulu futhi ukhulume noNkulunkulu, futhi Uyakuphendula, futhi uyazi ukuthi kukhona into ethize yangempela.

79 Bonke oDokotela bezobuNkulunkulu emhlabeni wonke, bangahle bachaze *lokhu* bakususe, futhi bakuxoxe *lokho* kusuke, kodwa abasoze bakwazi ukukususa kulesosehlakalo sangemuva kogwadule, lapho ohlangana khona noNkulunkulu ubuso nobuso.

80 Manje-ke, ngenkathi uMose esehlangane noNkulunkulu, kamuva wathatha abantwana bakwa-Israyeli bedlula emiliweni yesihogo, ngokuba wakhuthazela sengathi uyaMbona Ongabonwayo, hhayi ngokufundisa kwaKhe, kodwa ngesehlakalo ayenaso.

81 U-Abrahama, emva kokuba esebizwe e, ngaphandle kwesigodi saseShinari, izwe lamaKaledi, nomuzi wase-Uri, emva kokuba uNkulunkulu ekhulume naye, wakhuluma kuye ngenkathi eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, futhi wamtshela, uSara enamashumi ayisithupha-nanhlanu, "Uzoba nengane ngoSara," emva kokuba uNkulunkulu ekhulume kuye, waba nesehlakalo, futhi wayekwazi ukubiza lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona, akunandaba ukuthi noma ubani wathini.

82 Ungathini nje lezozithandani ezindala, u-Abrahama egijima ezansi nedolobha kanye noSara ukwenza ukuthenga okuncane, cishe iminyaka eyikhulu ubudala, "Thenga yonke ingubo emagqabhagqabha nophini ongabathola, S'thandwa, sizothatha uhambo manje, uzoba nengane. Kungcono, sihambe siyobona udokotela."

"Doc, unkosikazi nami sizoba nengane."

83 "Awusho, uneminyaka emingaki ubudala na? *Ngani, ikhehla liphambene ekhanda lalo.*" Niyabo? "*Kukhona okungalungile ngalo. Thina, mhlawumbe, kungcono siyithumele ewadini labagula ngengqondo, isazi sezifo zengqondo ukuba sikhulume nalo.*"

84 UNkulunkulu ukhulume nalo, futhi wayekwazi ukubiza lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona, futhi waya ngokuqina ngaso sonke isikhathi. Wayenesehlakalo, wayazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu Owakhuluma. Futhi wayeqinisekile ngokugcwele ukuthi Wayekwazi ukugcina noma yini Ayethembisa. Amen. Igama *amen* lisho ukuthi, "makube njalo."

85 Futhi mqapheleni, emva kwezinsuku zokuqala ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili, uya kuSara, wayehlale naye kusukela eseyintombazanyana cishe eneshumi nesithupha, futhi nangu usemdala . . . wayengaba ukhokho, ukhokho kagogo. Futhi wathi emva kwezinsuku zokuqala ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili, manje khumbulani, wayesedlule ngeminyaka eminingi ukuya esikhathini, "Sara, uzizwa unjani na?"

"Akukho nomnci umehluko, s'thandwa."

"Awu, akabusiswe uNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani."

86 Unyaka wedlula: "Uzizwa unjani, Sara na?"

"Akukho okuhlukile."

"Akabongwe uNkulunkulu, kuzoba yisimangaliso esikhulu kakhulu! Sizoba nayo, noma kanjani."

87 Kwadlula iminyaka engamashumi amabili nanhlanu: "Uzizwa unjani, s'thandwa na?"

"Akukho okuhlukile."

"Akabongwe uNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani, ngoba ngakhuluma noNkulunkulu Owangiphendula, futhi Uyakwazi ukwenza noma yini Athembisa ukuyenza."

88 Futhi UyiNkosi uNkulunkulu ofanayo kulobubusuku, uma uke wahlangana naYe. Isehlakalo sihambisana nokukholwa. Sibiza noma yini ephambene neZwi ngokungathi yayingenjalo. IZwi liza kuqala!

89 Njengoba ngime lapho emva kwekhethini kulobubusuku, ngilalele uDkt. Vayle, kwakungemva kokuba uFiliphu eselethe uNathanayeli, noma, wahamba wayofuna uNathanayeli, emva kokuba uFiliphu ezwe uJesu etshela uPetru ukuthi wayengubani igama lakhe, nokuthi igama likayise lalingubani, kwakusemva kwalokho ukuthi waMqonda, waba nesehlakalo, waMuzwa esho lokho. Wathi, "Woza, Lona nguMesiya."

90 UNathanayeli akakukholwanga. Ngakho wenyukela eBukhoneni beNkosi uJesu, noJesu wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

Wathi, "Rabi, Ungaze nini na?"

91 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona." Kwakusemva kwalokho ukuthi uJesu wathi, "Ngoba Ngikutshele lokhu, uyakholwa manje na? Uzobona izinto ezinkulu kunalokhu."

92 Kwakusemva kowesifazane emthonjeni owaphumela lapho njengonondindwa, besingambiza kanjalo namhlanje, owesifazane onegama elibi, waphuma waya emthonjeni ukuyokha amanzi, futhi wabona leliJuda lihlezi leyeme umthombo. Wayengakaze aLibone ngaphambilini,

Laliyisihambi emzini, ngoba lowo kwakungumuzi waseSamariya. Futhi nanti iJuda lalilapha, futhi Limcela amanzi, futhi wathi, "Akusilo isiko kini maJuda ukucela thina maSamariya okunjalo."

Nengxoxo yaqhubeka, uJesu ezama ukuxhumana nomoya wakhe ukubona ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Futhi Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Kunjalo. Ubunamadoda ayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho."

Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Manje, siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uzokwenza lezizinto. Kodwa Wena Ungubani na?"

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

93 Kwakusemva kwalokho wayebone amandla aKhe ngoNkulunkulu ukwazi izimfihlo zenhliziyo yakhe ukuthi wayengagijimela emzini futhi athi, "Wozani nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?" Kwakungemva kokuba esekubonile; emva kokuba isimangaliso sase senziwe kubo.

94 Kwakungemva kokuba uJesu eseqalekise isihlahla, futhi emahoreni angamashumi amabili-nane wasibona sibuna, ukuthi Watshela abafundi, "Kholwani nguNkulunkulu." Emva kokuba sebebone amandla kaNkulunkulu, bacelwa ukuba babe nokukholwa kuNkulunkulu.

95 UJesu wathi eZenzweni 1:8, "Nizakwamukeliswa amandla, *emva* uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu." Hhayi ngaphambili, lapho uthola i Ph.D. yakho, kodwa emva kokuba uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, khona-ke nizoba namandla okukholwa ukuba nikholwe.

96 Kwakungemva kokuba sebelinde izinsuku eziyishumi ekamelweni eliphezulu, nalesisithembiso, iminyango namafasitela kukhiyiwe ngoba babesaba, kwakungemva kokuba uMoya oNgcwele wehlele phezu kwabo ngeZinkotha zoMlilo, noMoya njengokuvunguza komoya onamandla, emva kokuba lokho sekwenzekile, babengesabi ngaleyonkathi, bangena ezitaladini futhi bamemezela kubo bonke abantu ukuthi WayenguKristu ovukileyo. Emva kwalokho ba—bavangela izwe, futhi babeka uphawu ubufakazi babo ngegazi labo, emva kokuba base bemukele amandla, emva kokuba babenoMoya oNgcwele.

97 O, ngibonga kanjani ukwazi ukuthi ukukholwa okukhulu kuNkulunkulu kusalokhu kuhambisana nesehlakalo! Futhi kulobubusuku ungahle ukuba awuzange ube nalesosehlakalo, kodwa uma uNkulunkulu ezofika kulobubusuku ngamandla okuvuka kweNkosi uJesu, Owathi kuJohane oNgcwele 5:19,

"Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise kuqala," uma Ezofika futhi ezokwenza into efanayo kulezizethameli ukufakazisa . . . Wathi, "Ngi . . . Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyoNgibona nina: ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe. Ngiyoba ngumVini, nina nibe amagatsha." Umvini awutheli isithelo, igatsha lithela isithelo, negatsha lizothela isithelo sokuthi hlobo luni lomvini elinamathela kulo.

98 Futhi uma ukhule waphuma emvinini wasekholiji, futhi nje unemfundo esayenseni yezenkolo, yilolohlobo lwesithelo ozosithela. Uma ukhuphukele kulolohlobo lwebandla, leyo mhlawumbe yindlela okholwa ngayo. Kodwa uma utshaliwe, wagxila, futhi wagxiliswa kuKristu Jesu, uyothela izithelo zikaKristu, ufanele. Uma unaleso sehlakalo, isithelo asixakile kuwe.

Asibuke kuYe manje sisakhuleka.

99 O, ezimangalisa kanje, izethameli ezilalele! Bekungaba kuhle kanjani uma bengingahlala isikhathi eside! Sengivele ngibe nengxenye yehora. Ngiyamangala kulobubusuku ukuthi uma ungenaso leso sehlakalo sokwazi ukuthi uJesu uhlala ephila kulobubusuku, ukuthi Usenguye nje, kusho imiBhalo, izolo, namuhla naphakade, futhi ungathanda ukuba nalesosehlakalo, nakuba uyilunga lebandla, manje onke amakhanda mawakhothame, nawo onke amehlo evaliwe, nalabo abasezinkundleni zokukhuleka, khulekani, makube ngokuyimfihlo phakathi kukaNkulunkulu, nami, nawe, ungavele nje uphakamisele isandla sakho kuNkulunkulu, bese uthi, "Nkulunkulu nginike isehlakalo sangempela, ukuthi ngingakholwa ngempela"?

100 UNkulunkulu akubusise, niphakamise izandla zenu, nxazonke. Uthi, "Nkosi, a—angikaze ngibone noma yini njengoba bekhuluma ngayo," uNkulunkulu anibusise, izandla zenu ziphakeme ndawo zonke, "Angikaze ngibone lutho olunjalo, kodwa umdlandla wami ufana nje nendlovukazi yaseNingizimu."

101 Niyabo, yayingazi nayo, yezwa ukuthi uNkulunkulu wanikeza iBandla isipho esikhulu, yayiyiqaba, umhedeni. Yadingeka ishiye ibandla layo, abelusi bayo, ababhishobhi bayo, ophapha bayo, yadingeka ishiye yonke into, izithixo zayo zobuhedeni, kodwa inhliziyo yayo yayivutha, yezwa ukuthi kwakukhona isiphiwo sokubona okufihlakele enhla kwa-Israyeli. Yahamba phezu kolushisayo, ugwadule oluvuthayo izinyanga ezintathu, njengoba bengihlale ngisho, hhayi kwiCadillac efakwe isishayisamoya, kodwa emhlane wekameli.

102 Umhedeni, engakaze ezwe nganoma yini, ngaphezu kwethempeli lakhe labahedeni, kodwa ufika ebukhoneni bukaSolomoni. Uza negolide elenele ukukwesekela, uma

ebonile ukuthi kwakuqinisile. Wahlala phansi futhi wabhekisisa umhlangano, emva kokuba esebone ukuhlakanipha okukhulu uNkulunkulu ayekunike uSolomoni, umoya wokubona okufihlakele kuvela koweqiniso, uNkulunkulu ophilayo, owayazi ukuthi umuntu wayengenakho lokhu ukubona okufihlakeleyo, kwakufanele kuvele kuNkulunkulu, wasukuma wayesethi, "Konke engikuzwile kuyiqiniso nokuningi." Wanikela ngegolide lakhe neminikelo yakhe ukwesekela lesisiphiwo esikhulu uNkulunkulu ayesinikezile.

103 Futhi uJesu wathi iyovuka ngoSuku lokwaHlulela futhi isilahle lesisizukulwane, ngokuba yeza ukuzobona isiphiwo sikaSolomoni, futhi Wathi, "Bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni." Iyokwenzani lapho isiza ekwaHlulelweni neNew England, ngoSuku lokwaHlulela, lapho abantu bengeke beze ngapheshe ya kwesitaladi na? Ngeke bahambe bayongena . . . bashiye ithelevishini yabo yodwa isikhathi eside ngokwanele ukuba beze bazobona. Iyovuka ekwaHlulelweni futhi ilahle izigidi eziphindwe kazigidi zamalunga ebandla laseMelika.

104 O Nkulunkulu, yiba nomusa! Abesilisa nabesifazane baphakamise izandla zabo emoyeni, abantwana abasebancane nenjejane, abakaze babone, nokho bayakholwa.

105 UnguNkulunkulu olungileyo. Abafundi bakholwa; uTomase wathi, "Mangifake iminwe yami ezandleni zaKhe."

Wathi, "Nakhu lapho okhona, Tomase. Ubonile, futhi ngakho uyakholwa, futhi lokho kuhle. Kodwa laba bakholwa ngaphandle kokubona."

106 Kube njalo kulobubusuku, Nkosi, amadazini ezandla ezingakaze zibone, futhi nokho ziyakholwa, ngoba nje ngikulethe kuvela eZwini laKho.

107 Ngikhulekela ukuthi UzoZibonakalisa manje emandleni aKho amakhulu okuvuka, ukuthi lapho leyobhomu enkulu indiza ngalendlela, lesosiputniki nezinkulungwane zaseJalimane, noma, amasosha aseRashiya namabhomu awo e-atomu elenga lapha, "Zinikeleni noma niye othulini." Yini ebesingayenza na? O Nkulunkulu, iBandla liyobe selihambile ngaleyonkathi.

108 Yipha, kulobubusuku, ukuthula nesihawu kubo, kwangathi bangathola uKristu engokoqobo ezinhliziyweni zabo, ngokuba ngenkathi bephakamisa izandla zabo, bephule yonke imithetho yesayense ebingephulwa. Amandla adonsela phansi afakazisa ukuthi izandla zethu zifanele zilengele phansi, kodwa ngenkathi bephakamisa izandla zabo, kukhombise ukuthi bekukhona uMoya omi ngakubo, futhi bebenomoya, noMoya uthe, "Uyisoni, unephutha, uyilunga lebandla, kodwa awulungile." Nalowomoya kubo wenze isinqumo ukuthi bebefuna ukulunga,

futhi bayishaye indiva imithetho yamandla adonsela phansi, futhi baphakamisela izandla zabo kuMdali wabo.

109 Wena wathi, “Akekho ongeza, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala,” khona-ke uBaba ulapha ekudonsa. “Futhi wonke oza kiMi, NgiyoMnika ukuPhila okuphakade, futhi ngizomvusa ngosuku lokugcina.” Siyakukholwa, Nkosi.

110 Manje Zibonakalise kulobubusuku phakathi kwethu, ukhombise ukuthi Usaphila. Ngokuba siyakucela, eGameni likaKristu, ngenkathi Uphulukisa abagulayo, futhi sizoKudumisa. Amen.

111 Ngiyaxolisa ukunihlalisa kancanyana, lokhu kungakabi leyithi nokho. Manje ngifuna nihloniphe ngokuzithoba ngempela imizuzwana embalwa nje. Ihora manje selisondele kulokho konke engikushilo, nakho konke lokho uDkt. Vayle akushilo, nayo yonke imiBhalo wethembisile, kufanele kutholakale kuyiqiniso noma kungamanga, kufanele kube ngokulungile noma okungalungile.

112 Ngangilalele ngenkathi Usho lokhu: ukuthi uJesu uhlala efana, indlela Azimemezela ngayo Yena uqobo kubo bobabili umJuda nomSamariya, futhi hhayi oweZizwe. . .AbeZizwe babeneminyaka eyizinkulungwane ezimbili ukubiza iBandla liphume, futhi manje ngukuphela konyaka wabeZizwe. Angazi ukuthi bangaki abantu phakathi lapha abafundiswe lokho futhi bakukholwa. Ake sibone izandla zenu. Ninothisha abahle ngalapha. Lokhu ngukuphela konyaka wabeZizwe.

113 Nenkonzo efanayo, lapho lawomaJuda emi ebambe lawomaBhayibheli amancane ukuthi uMfowethu Pethrus waseStockholm wabathumelela isigidi noma ngaphezulu ezansi lapho, futhi babefunda lokho ukuthi uJesu wakwenza kanjani, bathi, labo abakhuphuke bevela e-Iran nasezansi phakathi lapho, ukuthi iphephabhuku i*Look*, nawo, i*Life*, kwakhombisa, lamaJuda ethwele abathandekayo bawo emhlane wawo, a . . . Sinakho konke kwithelevishini, noma, umbala weKodachrome.

114 Futhi saxoxisana nabo, uMfowethu Arganbright, abaningi beChristian Businessmen, futhi bathi, “Ngabe niza ekhaya ezweni elidala lendabuko ukuzofa na?”

Bathi, “Qhabo, sizele ukuzobona uMesiya.”

115 “Lapho umkhiwane uveza imiqumbe yawo.” INkanyezi kaDavide enemicijo eyisithupha ilenga laphaya, ifulege elidala kunawo onke emhlabeni, lindiza futhi okokuqala iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, qhabo, iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu. Kucabangeni.

116 Bathi, “Uphi uMesiya na?”

117 Kwase kuthi-ke ngenkathi befunda lamaBhayibheli, bathi, “Uma loJesu wayenguMesiya, futhi Uyasho lapha ukuthi

Uvukile kwabafileyo, asiMbone enza isibonakaliso somprofethi, sizoMkholwa."

118 O, into yangempela kanje pho! Inhliziyo yami yagxuma, ngathi, "Ngifuna ithikithi, ngiyahamba! Ngizobiza izinkulungwane zawo ziphume."

119 Uthi, "Ubukuqondile lokho na?"

120 Bayabakholwa abaprofethi babo. Futhi ngenkathi ngifika eCairo, eGibhithe, imizuzu engamashumi amathathu yasePalastine, ngangiphethe ithikithi lami esandleni sami, base belungele ukwenza ubiza kokuqala, Into ethize yashaya, yathi, "Hhayi manje, ulaka lukaNkulunkulu alukafiki kwabeZizwe, ububi babo abukagcwaliswa."

121 Ngacabanga, "Impela, lowo ngumqondo wami wokuzicabangela." Ngaqala ngaqhubeka ngaphuma futhi, ngacabanga, "Ngizophuma ngiye ngasemmangweni." Ngase ngiqala ukuphuma, kwase kuthi-ke nakho kumi lokho kuKhanya enikubona esithombeni.

122 Leyo yiNsika yoMlilo efanayo eyahola abantwana bakwa-Israyeli, Leyo yinto efanayo ukuthi lokhu. . .Uma lokho kuKhanya enikubonayo lapho. . .abanakho lapha eMelika, baNakho eJalimane, baNakho eSwitzerland, lapho bethathe khona izithombe zakho.

123 Lokho kuKhanya kuzofakaza ngokuthi Kuyini, futhi uma lokho kuKhanya kungesikho okukaNkulunkulu, ngeke Kufakaze ngoNkulunkulu; kodwa uma Kwenza imisebenzi efanayo uJesu ayenza ngenkathi Elapha emhlabeni owathi Uvela kulokho kuKhanya, owayese. . .uMose ehlane. "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." Ngenkathi Elapha emhlabeni, bukani ukuthi Wenzeni enyameni. Wathi, "Kodwa Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu." Futhi ngenkathi Esebuya emva kokuvuka kwaKhe, uPawulu wahlangana naYe endleleni eya eDamaseku, futhi nangu WayeyiNsika yoMlilo futhi, ukuKhanya okunje kusondele kakhulu kuPawulu, Kwakhipha amehlo akhe futhi wadingeka aholwe. Ungena etilongweni noPetru njengokuKhanya; Usebuyele emuva kulokho. Nangu futhi ekupheleni konyaka wabeZizwe ukwenza nje ncamashi ngendlela Enza ngayo emuva lapho.

124 Noma yimuphi umvini uthela isithelo ngegatsha lalokho oyikho. Uma kungenzi into efanayo uJesu ayenza, khona-ke akusuye uJesu, impela. Uma ngikutshele ukuthi umoya kaJohn Dillinger ubukimi, bengiyoba nezibhamu futhi bengiyoba yingozi; uma ngikutshele ukuthi umoya wengcweti ubukimi, ubuyongilindela ukuba ngidwebe isithombe sengcweti; uma ngithi uMoya kaKristu kimi, khona-ke Uveza imisebenzi kaKristu, Wakwethembisa.

125 Kwase kuthi-ke ngenkathi ngiphuma ngiya emmangweni, Wathi, "Akukabisikho okwamanje, kungokwenkathi yonyaka okwamanje." Ngase ngijika ngase ngenyukela eMars Hill, ukusuka kulokho ngabuyela eVatican, ngase ngibuyela ekhaya. "Akusiso nje isikhathi."

126 Lapho lawomaJuda emukela iVangeli, nina beZizwe seniphelile. UNkulunkulu usebenzana namaJuda njengesizwe, thina njengabantu, amaJuda njalo njengesizwe, isizwe sakwa-Israyeli. Sisesikhathini sokuphela. Lolu wubizo kwabeZizwe. Nkulunkulu yiba nomusa! Ulapha, ufanele ube naYe, kungenjalo Angenze lutho enzela wena.

127 Ukuba-ke uMarta wayephumele lapho wayesethi kuJesu, "Awuzanga ngani ngenkathi ngiKubizela umfowethu na?" Isimangaliso sasingeke senziwe, kodwa wasondela kuYe ngenhlonipho yokuzithoba, wathi, "Nkosi, ukuba Ubukhona, umnewethu nga engafanga. Kodwa," wathi, "Nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoyenza." O, kuthandeka kanjani!

Wathi, "Umnewenu uyakuvuka."

Wathi, "Yebo, Nkosi, ubengumfana olungileyo, uzovuka ekuvukeni okukhulu."

Wathi, "Kodwa Mina ngingukuVuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efile, wophila."

Wathi, "Yebo, Nkosi, ngi . . . "

Wathi, "Uyakholwa yilokhu na?"

128 Wathi, "Yebo, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, ebizakuza ezweni." Kukhona ikholwa langempela eBukhoneni bukaMoya oNgcwele wangempela owawukuYe. Kuzokwenzekani na?

129 Angikhulumi ngokumelana nenkolo kanoma ubani, kodwa owesifazane othize ovela e—enkolweni-ze engakholelwa eGazini lobuNkulunkulu likaKristu, bakholwa ukuthi Wayengumprofethi (Hhayi iSayense yamaKristu kuphela, kodwa iningi lenu maProtestane nithola into efanayo ehlohlwe yehlela kini. WayenguNkulunkulu!), wathi, "Mnu. Branham, ngiyathanda ukukuzwa ukhuluma, kodwa uqhosha kakhulu ngoJesu engonobuNkulunkulu."

Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu, Wayengaphezu komprofethi noma umfundisi. WayenguNkulunkulu, noma umkhohlisi omkhulu kunabo bonke izwe elake laba naye."

Wathi, "Uma ngifakazisa kuwe ngemiBhalo yakho, wayengelutho kodwa umuntu, uzokwemukela na?"

Ngathi, "Uma umBhalo usho njalo."

Wathi, "KuJohane oNgcwele 11, ngenkathi ehlela ethuneni likaLazaru, iBhayibheli lathi wakhala izinyembezi."

Ngathi, "O, nenekazi, ngabe lowo ngumBhalo wakho na?"

Wathi, "Yebo."

130 Ngathi, "UmBhalo wakho uzacile kunesobho elenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawe yindlala." Ngathi, "Wazi kangcono kunalokho!" Ngathi, "Ngenkathi Ehlela ethuneni, Wakhala njengomuntu, kodwa ngenkathi Ekhuphula umzimba waKhe omncane, okungukuthi iBhayibheli lathi, 'Kwakungekho buhle ukuba siMfise,' kodwa ngenkathi Edonsa lolohlaka oluncane ndawonye, wayesethi, 'Lazaru, phuma,' futhi umuntu wayesenezinsuku ezine efile, waphila, lowo wayengaphezu komuntu."

131 Ngenkathi Ehla entabeni endikimbeni yethu kulobubusuku, elambile, Wayengumuntu, kodwa ngenkathi Ethatha amabheskidi amahlanu namaqatha amabili ezinhlanzi futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, lokho kwakungaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu ekhuluma ngomuntu.

132 Wayengaphezu komuntu ngenkathi Etshela owesifazane emthonjeni, ukuthi wayenamadoda amahlanu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Wayengaphezu komuntu ngenkathi Etshela uFiliphu, Wambona phansi komkhiwane, amamayela ayishumi nanhlanu ukuqhela, ngenkathi ekhuleka.

133 Wayengumuntu ngenkathi amandla ayesukile kuYe, owesifazane ethinta ingubo yaKhe, kanjalonjalo, futhi walala kwingemuva lomkhumbi omncane ephumule, ekhathele kakhulu, nodeveli abayizinkulungwane eziyishumi bolwandle, bafunga ukuthi babezoMminzisa, nalesosikebhe esidadlana phandle lapho njengesivalo sebhodlela, sigxumagxuma, udeveli wathi, "SiMtholile manje," Wayengumuntu ngenkathi Elele phansi lapho esikebheni elele, kodwa ngenkathi Evuka futhi Wahamba wenyuka wayesebeka unyawo lwaKhe entanjeni yesikebhe, wabheka phezulu wayesethi, "Thula, uthi du," nemimoya namagagasi kwaMlalela, Wayengaphezu komuntu.

134 Wayengumuntu ngenkathi Ememeza eKalvari ecela umusa ekufeni kwaKhe, kodwa ekuseni ngePhasika ngenkathi Ephula uphawu lwamaRoma futhi wagingqa itshe, wayesema emhlabeni futhi, Wafakazisa ukuthi Wayengaphezu komuntu.

135 Wonke umuntu oke waba nokubaluleka okuncanyana kulomhlaba wakukholwa lokho, izimbongi nokunye nokunye. Omunye wathi, uFanny Crosby oyimpumputhe wathi:

> Ungangedluli, O Msindisi omnene,
> Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
> Lapho Ubabiza abanye,
> Ungangedluli.
>
> Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo yami,
> Ngaphezu kokuphila kimi,

Ngubani enginaye emhlabeni, ngaphandle kwaKho na?
Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho.

136 Ngenkathi u-Eddie Perronet ebhala iculo lokugcotshwa, ngenkathi ubunkondlo bakhe bonke baliwa futhi benqatshwa, kulelogumbi elimnyama Wadumela ipeni, noMoya oNgcwele wehlela kuye, futhi wabhala iculo lokugcotshwa ngenkathi ebhala:

Bayede Mandla eGama likaJesu!
Izingelosi maziwe zilale phansi;
Zilethe umqhele wobukhosi,
Futhi ziYithwese umqhele iNkosi yakho konke.

137 Omunye wathi:

Ephila, Wangithanda; efa Wangisindisa;
Embelwa Wathwala izono zami waziyisa kude le;
Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
Ngoluny'usuku Uyeza—o, usuku olukhazimulayo!

138 Wayengaphezu komuntu, WayenguNkulunkulu. UsenguNkulunkulu kulobubusuku.

139 Baba, siyathanda ukufunda iZwi laKho, futhi siyazi ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi Ungeke wafa. Wafa kanye ngenxa yezono zethu, wabuye wavuka ngosuku lwesithathu, ngokwemiBhalo, futhi Uphila kuze kube phakade, nazo zonke izithembiso ukwenza okuhle. Siphe kulobubusuku, Nkosi, kwangathi kungebebikho neze lapha futhi, kodwa malazi lelidolobha ukuthi Usaphila. Siphe khona, Nkosi.

140 Manje ngizinikela kuWe futhi nginikela wonke umuntu lapha kuWe, futhi sicela ukuthi Uzosebenza ngenyama yethu nangomoya wethu, ukuze wonke umuntu lapha aye ekhaya, eKudumisa. EGameni likaKristu, siyakhuleka. Amen.

141 Niyabo, ngikholwa ukuthi izolo ebusuku sibize engxenyeni yokuqala yamakhadi.

142 Lesisithombe lapha seNgelosi yeNkosi, angazi noma nake nasibona noma qha, umbhalo ohambisana naso ovela kwi FBI, wathi, "Ngake ngacabanga ukuthi imihlangano yakho yayiyisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo ngenkathi ukhuluma ngokuKhanya, ngamangala ukuthi lokhu kwenziwa kanjani," uMnu. George J. Lacy wathi, "Mnu. Branham, iso lomshini wekhamera ngeke layithatha isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, ukuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya."

143 Kusekhawunteni emuva lapho endaweni yokuthengisela izincwadi, abafana bazoba naso emva kwenkonzo, sifanele sisithenge, sinelungelo lobunikazi; sifanele sithenge izincwadi

zethu, zinelungelo lobunikazi. Asinalutho esingaluthengisa, si. . .Noma uma ngingacabanganga ukuthi lokho bekungasiza omunye, bekungeke neze kwaba lapha. Akusiso isithombe sami osithengayo, yisithombe saKhe.

144 UMnu. Lacy wathi, "Kwakukhona isikhathi lapho babengabaza lezoziNkanyiso, futhi wathi kwakungumcabango wengqondo yomdwebi owapenda lezozindingilizi zokukhanya, nezinto, zizungeze iNkosi yethu, futhi zizungeze abapostoli, kodwa," wathi, "lesisithombe somshini siyafakazisa ukuthi siyiqiniso." Kunjalo.

145 Wathi, "Umzenzisi omdala," wayeqonde ongakholwayo, yileyondlela asho ngayo, ngicaphuna amazwi akhe njengoba nje akusho, wathi, "ngeke besakwenza." Khona-ke izwe lesayense liyazi ukuthi Usaphila, iBandla liyazi ukuthi Usaphila ngoba Uhlala efana.

146 Ngicabanga ukuthi izolo ebusuku sibize kusukela engxenyeni yokuqala yalawomakhadi omkhuleko, asizange na? Sibize ishumi nanhlanu noma amashumi amabili abo. Futhi kulobubusuku. . .Kuyini—kuyini na? U-F. Asibize ingxenye yokugcina yabo. Nje si. . .Abafana bayehla bese bewaxubanisa onke ndawonye, futhi baninike, niyabo, ukuthi ungakubona lokho, awu, asazi ukuthi ungubani, lapho siwaxubanisa, ungahle uthole elokuqala, olandelayo athole elamashumi amahlanu, olandelayo elamashumi amabili nambili, nolandelayo athole elesithathu. Bese kuthi-ke, noma ngabe ubani owakhiphayo, abazi ukuthi kuzobizwa kusukaphi, vele uze khona lapha, futhi ubabize lapha.

147 Kwakuvamise ukuthi, ngangi. . .ngangiba nomntwana omncane ukuba akhuphuke futhi abale, futhi lapho ema khona, yilapho esasizoqala khona. Uyakukholwa noma qha, umama ukhuphule indodana encane, futhi ame ngqo lapho inombolo yakhe yayikhona, niyabo. Ngakho sisasebenzana nezidalwa ezingabantu. Ngakho nje si. . .

148 Bese-ke ubuka, phezulu lapha e, phezu komsamo, lokho akusho neyodwa into. Ungaphulukiswa lapho ngokufanayo nje njengoba ungenza lapha.

149 Bangaki owaziyo ukuthi umBhalo usho lokhu: Ngenkathi owesifazane ethinta ingubo yaKhe, wagijimela ezethamelini, uJesu wathi, "Ubani oNgithintile na? Ubani oNgithintile na?"

Futhi yena. . .UPetru wathi, "Awu, lonke iqembu liyaKuthinta!" Wakhuza iNkosi.

150 Kodwa iNkosi yaphenduka, yase ithi, "Ukhona oNgithintile, ngoba Ngibe buthakathaka." Futhi Waqalaza waze Wathola owesifazane omncane, futhi Wamtshela ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe, futhi wayekade ephulukisiwe." Bangaki owazi lowomBhalo na?

151 Manje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Ngabe uzokwenza ngokufanayo namhlanje na? Ngabe iBhayibheli liyasho kumaHeberu 13:8 ukuthi Unguye izolo naphakade na? Awu manje-ke, ngabe iBhayibheli liyasho, futhi, kumaHeberu ukuthi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Uyini na? Ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu kulobubusuku, enza ukunxusela ekuvumeni kwethu, umPristi oMkhulu.

152 Manje-ke uma Enguye izolo, nomPristi oMkhulu ofanayo, Ubeyofanele enze ngendlela efanayo, kungenjalo Akafani. Manje, Mthinte nje ngokuzwelana nobuthakathaka bakho, futhi ubone uma Engazimemezeli Yena uqobo ukuthi ufana ncamashi nje. Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela, khulekani manje; angisho ukuthi Uzokwenza.

153 Ake sibone, asiqale kulobubusuku kusukela kuphi na? Ngeke sababiza bonke phezulu lapha. Asiqale emashumini ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya ekhulwini, lokho kuzonikeza ishumi nanhlanu emsamo ngesikhathi esisodwa. Kulungile, ubani onekhadi lomkhuleko u-F, lamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu na? Phakamisa isandla sakho. U-F, amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. Bukani amakhadi enu manje, omunye mhlawumbe ongakwazi ukusukuma. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

154 . . .iduku kulobhaskidi lapha kulobubusuku, futhi ufuna elilodwa. Bangaki okholelwa kukho na? Ake sibone izandla zenu. IBhayibheli liyakufundisa. Ungangibhalela nje. Manje, a—angizami ukuthola ikheli lakho, anginalutho engingaluxhasa, akukho lutho. Nginesikhathi esinzima ngithola imali eyanele ukukhokhela onobhala ukungisiza ngiyiphendule. Ngibhalele nje, Jeffersonville, Indiana, ngizokuthumelela yona, mahhala.

Asikhuleke.

155 Nkosi, lamaduku avela lapha kulobubusuku komama, nobaba, nakubantwana, nabancinyane ogulayo nodingayo, mhlawumbe omdala, ubaba oyimpumputhe ehlezi ekamelweni ndawondawo, umama bandla elele embhedeni wokuhlupheka, ingane encane ihamba kwiphansi, wena wazi konke ngakho. Futhi bayafundiswa eBhayibhelini, ukuthi bathathe emzimbeni kaPawulu oNgcwele, amaduku nezindwangu. Bamkholwa uPawulu ngenkathi bebone imisebenzi kaNkulunkulu yenziwa nguye.

156 Siyazi asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa siyazi ukuthi UsenguJesu, futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzophulukisa ngamunye walaba, njengoba sibathumela kwabagulayo nabahluphekile. Ngobuqotho bezinhliziyo zethu, siyaKubonga ngabantu abanethemba elenele ukukholwa namanje namhlanje, futhi kwangathi bangaphulukiswa. EGameni likaKristu. Amen.

157 Amashumi ayisishiyagalolunye-nambili. Amashumi ayisishiyagalolunye-nambili namashumi ayisishiyagalolunye-nane liyashoda. Ngabe basesakhiweni na? Amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye-nambili. Kulungile. Amashumi ayisishiyagalolunye-nambili ulapha. Unombolo wamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye akekho. Uma kusesakhiweni, uma omunye. . . Ngifisa sengathi ubungabuka ikhadi lakho, mhlawumbe wena. . . Amashumi ayisishiyagalolunye. Amashumi ayisishiyagalolunye nantathu. Amashumi ayisishiyagalolunye namashumi ayisishiyagalolunye nantathu. Kulungile. Uma inombolo yamashumi ayisishiyagalolunye isezethamelini, noma amashumi ayisishiyagalolunye nantathu, ungenyuka na? Noma yikuphi phakathi. . . Bengibizeni kusukela manje na? Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya ekhulwini, nomaphi, noma ubani onamakhadi omkhuleko kusukela emashumini ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya ekhulwini. . .

158 Buka umakhelwane wakho, bangahle babe ngumuntu oyisithulu nesimungulu, futhi bahlezi lapho nje futhi aba—abazi, uzoba ne. . . Noma mhlawumbe omunye akakwazi ngisho nokunyakaza, sizobathwala sibakhuphule. Qalazani nje emakhadini omunye onekhadi. Wonke umuntu ulapho manje. Kuhle. Lokho kuhle.

159 Bangaki ongenalo ikhadi lomkhuleko, kepha nokho ufuna uJesu akuphulukise na? Ake sibone izandla zenu. Yiba nokukholwa nje, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Manje, ngiyabonga.

160 Manje ngifuna nenze okuthize, manje, nina eningenalo ikhadi lomkhuleko, ngeke nibe semsamo, ngokwazi kwami, manje, ngifuna nibe semkhulekweni, ngokuthula nje, futhi nithi, "Nkosi Jesu, lomfowethu, kulobubusuku, ukhulume nathi, futhi sicaphune umBhalo ukuthi Uhlala ufana, futhi Wazimemezela Wena uqobo phambi kwamaJuda namaSamariya, nasosukwini lwaKho, futhi wathi Awenzanga lutho, uBaba aze aKukhombise. Ibandla lasekuqaleni, noma, ibandla loMthetho, ibandla elidala lamaJuda ngalolosuku, lathi WawunguBelzabule, udeveli, ngoba Wawungayibona imicabango yabo, kodwa abantu ezenziwa kubo lezizimangaliso bathi babeKukholwa ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Manje, sikholwa ukuthi uMesiya uyeza masinyane, futhi siyakholwa ukuthi Uzibonakalisa Wena uqobo kithi namhlanje ukuze silungele ukuphunyuka. Ngakho, Unguye izolo, namuhla, naphakade siyatshelwa, ngakho, Nkosi Nkulunkulu, ngiyacela, kulobubusuku, mangithinte ingubo yaKho njengoba kwenza owesifazane, bese kuthi-ke Uphenduka ngezindebe zikaMfowethu Branham futhi ukhulume kimi, futhi ungitshele njengoba nje Wenza ko—kowesifazane,

khona-ke, Nkosi, ngizoKunika lonke udumo nenkazimulo, ngizoKukholwa."

161 Manje, bonani nje uma Ehlala efana. Inselelo enje pho! Ngabe ni...? Bangane, ngineqiniso anikutholi lokho. Niyaqonda ukuthi lokho kusho ukuthini na? Futhi bukani lapha, akukho-muntu kulesisakhiwo engimaziyo, akukho-muntu, kodwa uMnu. Sweet, uMnu. Vayle, uMnu. Goad, ohlezi khona lapha, nomfana wami ubelapha esikhashaneni esedlule, usehambile. Kulungile. Yilabo bantu kuphela engibaziyo kulesisakhiwo, kodwa uNkulunkulu unazi nonke.

162 Manje, ngabe leli yinenekazi na? Nasi isithombe sikaJohane oNgcwele 4, owesilisa nowesifazane. Ngicabanga ukuthi lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuba sike sihlangane. Kunjalo. Niyalizwa inenekazi, noma nibone ukuthi linqekuzisa ikhanda lalo na? Ungasiphakamisa nje isandla sakho, ukuze bezobona. Angilazi, angikaze ngilibone empilweni yami. Lingowesifazane, ngingowesilisa. Lapha simi lapha okokuqala ukubonana. Manje, uma kukhona okungalungile ngalo, angazi, lingahle libe ngumgxeki, lingahle libe lapha likhohlisa nje. Uma linjalo, bhekisisani ukuthi kwenzekani.

163 Bangaki osewake waba semihlanganweni futhi wabona ukuthi kwenzekani kanjalo na? He, he! Abanye babo bayawa, bakhubazeka, bayahlanya, konke okunye. Usalokhu, Uhlala enguNkulunkulu ofanayo, iNcwadi yeZenzo 19 ngokufanayo nje. INkosi izokunquma lokho, maYikusho.

164 Angahle abe yisoni, angahle abe ngumzenzisi, angahle abe ngumKristu, angazi. Kodwa si... Kukhona okufanele kwenzeke. Makabe ngumahluleli.

165 Uma ngithe, "Nenekazi, uyagula, ngizobeka izandla zami phezu kwakho, uzosinda," ubengakungabaza lokho, unezwi lami nje. Kodwa uma-ke uMoya oNgcwele ufika futhi umtshele into ethize a—a—ayaziyo ukuthi angiyazi na? Khona-ke uyoba ngumahluleli walokho. Khona-ke uma Azi ukuthi kwakuyini, Uzokwazi ukuthi kuzoba yini.

166 Manje, lokhu kungokwenu bantu kovulandi abasesitezi, anikude kakhulu, anikude neze ekufinyeleleni kukaKristu, kholwa nje lapho ohlezi khona. Bangaki phezulu lapho ogulayo, futhi ufuna uKristu akuphulukise na? Phakamisani izandla zenu, noma yikuphi nxazonke. Kholwani nje, yibani nokukholwa nje.

167 Manje, nakhu la sikhona njengoJohane oNgcwele isahluko 4, owesilisa nowesifazane behlangana, baqala ukukhuluma, noJesu wathola ukuthi yayiyini inkathazo yowesifazane, Wamtshela ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe, nokuthi yayiyini inkathazo yakhe. Futhi wathi, "Ufanele ukuba ngumProfethi. Manje, siyazi uMesiya uzokwenza lokho."

Wathi, "NginguYe."

Futhi wagijimela emzini wayesethi, "Wozani nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?"

168 Ngikushilo lokhu izolo ebusuku, ngiyakusho futhi kulobubusuku: Lowo wesifazane wayazi kakhulu ngoNkulunkulu, kunamapesente angamashumi ayisishiyagalombili abashumayeli bakithi baseMelika, kunjalo, nakuba engunondindwa; wakuqonda lokho. Wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunalabobapristi, norabi, nezinto kwenza, bathi, "UnguBelzabule, udeveli."

Wathi, "UnguMesiya," ngenkathi Ekwenza. Manje, ubani owayeqinisile na?

169 Kulungile, nenekazi, njengoba kade ngikhuluma kulobubusuku kancane, ukuqhuba ingxoxo nawe nje, ngize ngithole i . . . ngazi ukuthi uMoya oNgcwele uyagcoba. Manje, uma Ezongazisa ukuthi uzele ini lapha, futhi uyazi angazi, khona-ke uzo—uzokwemukela khona-ke na? Kulungile, mnumzane.

170 Bangaki phandle lapho abazothi, "Ngizokwenza okufanayo"? Ngabe ukhona laphaya, omaziyo lona wesifazane na? Yebo, kukhona abambalwa impela. Awu, niyazi phakathi lapha, okwakho edolobheni ngaleyonkathi, wazi konke ngakho. Manje, ngakho nje si . . . Wena yiba ngumahluleli.

171 Manje, dade, ukukhuluma nawe nje njengendoda, futhi into kuphela engi . . . lokhu kuzoba oko . . . UNkulunkulu akadingi ukuba enze lokhu, kodwa Wethembisa ukuthi Uyokwenza; Wayengadingekile ukuba aphulukise ngenkathi Elapha emhlabeni, kodwa Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Umprofethi wathi, "Wathatha ubuthakathaka bethu, futhi wathwala ukugula kwethu." Wadingeka akugcwalise lokho. Futhi uma iBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi yileyondlela Azimemezela ngayo Yena uqobo ekupheleni kwalesosizukulwane, Uzofanele enze okufanayo namhlanje ukugcwalisa umBhalo. Ngakho, lapha sisekupheleni konyaka wabeZizwe.

172 Owesifazane ungumKristu, futhi uyikholwa. Kunjalo. Akazimele kakhulu kangako lapha, nakuba enenkathazo yendlala emenza akhuluphale ngokweqile, kodwa kukhona enye into enhliziyweni yakhe ayifisayo. Futhi ubekhuleka kakhulu ngalokhu akufisayo, nalokho kumayelana nomyeni wakhe. Kunjalo. Ngabe kunjalo na? Lelo yiqiniso.

173 Manje uyakholwa na? Manje yiba ngumahluleli.

174 Manje, angazi manje ukuthi ngitheni. Niyabo? Kuseteyipini lapho uma uke wakufuna, banakho eteyipini. Niyabo, okwenzekayo, ngumbono, ukwenye indawo, mhlawumbe, iminyaka emuva, noma mhlawumbe ngaphambili, kumbe noma ngabe kuyini, nindawondawo kwelinye izwe. Zinikele nje, yisiphiwo, zinikele kuMoya oNgcwele. Kufakazela ini

lokho na? Ukuthi uMoya oNgcwele ofanayo owawuseBandleni lasekuqaleni nakuKristu ulapha kulelibandla, ehamba edabula eMzimbeni waKhe, njengoba Ethembisa. Lokho bekufanele kwenze inkolo, ukukholwa kuvele kuphakame kufike endaweni, lapho yonke into ibiyokwenzeka khona. Kodwa kungani kunjalo na? Sife kakhulu emoyeni.

175 Manje, uma ucabanga ukuthi bekungukuqagela nje, asithathe isikhathi sethu kowesifazane, futhi sikhulume naye kancane. Kulungile, nenekazi, noma yini Ayishilo bekuyiqiniso. Manje, angazi ukuthi bekuyini, lapho i. . . Futhi uyaqonda ukuthi ukuma phambi kwendoda, mina, bekungeke kukwenze uzizwe ngendlela ozizwa ngayo manje. Ungumuntu okahle kakhulu. Futhi usekuxhumaneni okuphelele neNto ethize, omnandi ngempela, umuzwa othobekile, lowo nguMoya oNgcwele. Niyakubona lokho kuKhanya na? Lokho kuKhanya yilokho okukwenza uzizwe ngaleyondlela. NgiKubuka ngqo, Kuzungezile ngqo.

176 Manje, ukuba uKristu ubelapha egqoke lezizingubo Angipha zona, uma udinga ukuphulukiswa, Ubengeke akuphulukise, Usevele ukwenzile ngenkathi Efa eKalvari, Ubeyokwenza okuthize ukufakazisa ukuthi WayenguKristu, khona-ke ubuyokholelwa ekuhluphekeni kwaKhe kokubambela, ukufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, wazi ukuthi Usaphila, uma Esaphila emva kwayo yonke leyominyaka, futhi ehlala efana ngandlela zonke. Manje, njengoba ukuphulukisa nensindiso kwathengwa, sekuvele kwenziwe, ufanele nje ukukholwe. Ngakho Ubeyovele nje, into kuphela Abengayenza, ubeyozibonakalisa Yena uqobo ukuthi Ulapha ukumemezela lokho Akwenza lapho, kumi kahle kulobubusuku.

177 Yebo, owesifazane uqala ukungena embonweni futhi. Yebo, yinkathazo yendlala, ukhuluphele ngokweqile, noma ubani angakubona lokho, futhi yisimo sendlala. Yebo, ngibona indoda ibonakala futhi, ngumyeni wakhe, futhi unokuthile okungalungile, kusemilenzeni wakhe, yisifo sokushisa komthambo, yomibili imilenze yakhe.

178 Futhi lapha, leyondoda iphuma entandweni kaNkulunkulu, yayinobizo enkonzweni, futhi ibeka enye into ngaphambi kwalokho, yenza omunye umsebenzi futhi ayilugcwalisi lolobizo. Futhi isizathu yenza lokho yingoba ungumshumayeli wesifazane qobo lwakho, futhi i—futhi icabanga ukuthi umshumayeli oyedwa emndenini angahle enele, kodwa inephutha. Yona. . . Awusuye owakulelidolobha, qhabo, awusuye, ungowasedolobheni, ungowaseNew York, idolobha elithiwa yiSchenectady. Futhi igama lakho nguNkk. Reed. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Manje, buyela emuva futhi ukuthole ngendlela okukholwe ngayo. Ukukholiwe na? Kuyoba njengoba nje ucelile. UNkulunkulu akubusise.

179 Uyayikholwa iNkosi ngayo yonke inhliziyo yakho na? Manje, nina ezethamelini, yibani nokukholwa, manje ningangabazi. Ningayaluzi, hlalani nithule ngempela, ngiyacela. Niyabo?

180 Imimoya, lapho ishiya abantu, njengemimoya emibi, isuka komunye iye komunye, niyakwazi lokho. Lapho uthola izethameli zigxuma futhi zigijima, awukwazi ukukubamba. Awu. . . Asikho isidingo sokuzama ukuthatha isikhathi sokukuchaza. Kukholwe nje, yilokho kuphela, kukholwe nje.

181 Inenekazi lapha liyisihambi kimi, ngokwazi kwami. Angilazi. Libukeka njengowesifazane ophilile, kodwa angazi, uNkulunkulu uyazi. Kodwa uma Ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uyangikholwa na?

182 Ucabanga ukuthi ubungadlula kulezozilonda ezisemathunjini na? Ubukhulekela lokho, ubungenjalo yini, mnumzane na? Angikwazi, ngiyakwazi na? Angikaze ngikubone empilweni yami. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ungumuntu onokwethuka, onokwethuka ngempela, okukubangele ukuba ube nezilonda ezisemathunjini. Qhubeka, ushumayele iZwi manje, ungumshumayeli, empeleni, ngakho hamba ushumayele iZwi.

183 Ugaxe umngane wakho ngezingalo zakho lapho, ucabangani ngalokhu, mnumzane na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Uyakholwa na? Uma Ezongembulela lokho okufunayo, uzokwemukela na? Kusobala ufake izibuko, indoda enguntanga yakho ifanele igqoke izibuko, kodwa lokho akusikho, amehlo akho aba mabi, ufuna umkhuleko wamehlo akho, yilokho okufunayo. Unesifo samathambo, futhi, ufuna umkhuleko walokho. Kunjalo, akunjalo na? Uyakwemukela ukuphulukiswa kwakho manje na? Phakamisa isandla sakho, uma ukwemukela. Sekuphelile, futhi ungaya ekhaya, usinde, ukukholwa kwakho kukuphulukisile.

184 Bathinteni na? Ini. . .? Ngiyanibuza manje, ngenhlonipho yokuzithoba: Bathinteni na? Phambi kukaNkulunkulu, angikaze ngibone noma yimuphi umuntu, angazi lutho ngabo. Kodwa omunye ubekhuleka, bekuyindoda enkulu lapho, ibiyenza ukukhuleka, futhi ngoba ibihlezi nomzimba wayo ngakwenye indoda njengokuxhumana, yilokho okukwenzele indoda elandelayo. Manje, babuze. UNkulunkulu abe nguMahluleli.

185 Manje, ngabe uJesu Kristu uhlala engumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Ngabe Uyaphila kulobubusuku na?

186 Ngi. . . kukhona ukukholwa ezethamelini, dadewethu, mina nje, noma yikuphi lapho lokho kuKhanya kuya khona, ngivele ngihambe naKho, niyabo, yilokho kuphela engingakwenza. Manje, mhlawumbe Uzoza kuwe. Uma iNkosi izongembulela okufunayo kuYo, uyakholwa na? Uyazi, uma kungukuphulukisa,

bengingeke ngikuphulukise. Kodwa ngibona okuthile, unento engalweni yakho. O, yi. . .U—unomfutho wegazi ophansi, yilokho okuyikho, umfutho wegazi ophansi.

187 Akusikho lokho kuphela, kodwa ngibona isibhedlela, singesomunye umuntu ommele lapho, futhi lowo ngumngane wakho osesibhedlela engozini, unamathambo emzimbeni wabo ephukile. Unguthisha qobo lwakho, uthisha kaSonto sikole. Manje, hamba ukwemukele. Njengoba nje ukukholiwe, kuzoba ngaleyondlela. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu abe nawe.

Hloniphani ngokuzithoba manje, ngiyacela, ngiyacela, ngiyacela.

188 Angikwazi, uNkulunkulu uyakwazi. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uma Ezongitshela ukuthi yini oyizele lapha, uzokukholwa-ke na?

189 Manje, ngiyacela, hlalani nithule nje umzuzwana nje. Indodana yami izoza ingilande emizuzwini embalwa, ngakho hloniphani ngokuzithoba ngempela. Ningayaluzi, hloniphani ngokuzithoba ngempela. U. . .UNkulunkulu usethempelini laKhe elingcwele, futhi masihloniphe ngokuzithoba.

190 Uhlushwa yisimo sokwethuka, futhi unenkathazo emgogodleni wakho. Lelo yiqiniso. Bengiyokwazi kanjani lokho na? Bekuzofanele kuvele eNtweni ethize ekhona lapha Ekwaziyo. Uyakholwa ukuthi yiNkosi uJesu engivumela ngenze lokhu na?

191 Manje, umzuzwana nje, uma izethameli zisengangizwa: Kunendoda ekhuphukela lapho, umbono uyahamaba manje, yindodana yayo, futhi ikhathazwa yinkathazo yokwethuka. Futhi uyifunela umkhuleko. Kunjalo. Ayikho lapha, ihlala eNew York. Futhi ngiyakutshela, ukuthi uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, lowomfana uyiKatolika ngokukholwa. Kunjalo. Uyakholwa manje ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa futhi afinyelele kuye na? Uyakwemukela na? Kulungile. Yana laphaya, uthathe leloduku, ulithumele kuye, kuzophela. UNkulunkulu akubusise.

192 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, ungangabazi. Kukhona amandla amabi alokhu eshwibeka kulezozethameli, ndawondawo.

193 UNkulunkulu angasiphulukisa isithuthwane. Uyakukholwa na? Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Phakamisa isandla sakho lapho, mnumzane, uma ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, khona lapha. Manje yiba nokukholwa kuNkulunkulu, futhi konke kuzophela.

194 Lowo ngudeveli ngokuvamile osuka kithi. Wenza okubi, ngi. . .Izethameli ezingalaleli, ngibone amashumi amabili nesishiyagalombili ethatha, ngesikhathi esisodwa emva

kokuba sekukhishwe enganeni, basenakho, nabo. Khumbulani, ngenkathi bephuma oLegiyona, bangena ezingulubeni; bafanele baye ndawondawo.

195 UMoya oNgcwele usalokhu ulenga lapho. Yindoda ehlezi eceleni kwakhe lapho, kukhona okwenzeka endodeni. Uyakholwa ukuthi Angayelapha inkathazo yenhliziyo, futhi na? Ubunenkathazo yenhliziyo, ubukhulekela inkathazo yenhliziyo ukuba iphulukiswe. Kunjalo.

196 Inenekazi elihlezi lapho, nango Ehamba, nakho lokho kuKhanya khona ngqo ngasenenekazini. U . . . Owesifazane unezilazi emehlweni akhe. Kunjalo, akunjalo, nenekazi na? Mkholwe, kuzokushiya.

O, Unguye ngempela! "Uma ukholwa!"

197 Uyakholwa. Angikwazi. Kodwa ngiyakubona, ulapha ngomunye umuntu. Futhi ubuhlezi kulezizethameli izolo ebusuku, noMoya oNgcwele ukubizile, futhi uphulukisiwe ngenkathazo yomphimbo izolo ebusuku, ISHO KANJE INKOSI. Futhi umele omunye umuntu lapha, umfowenu, futhi akekho lapha, unomdlavuza. Futhi use—usendaweni ethiwa yiToronto, eCanada, e-Ontario, enhla eCanada. Kunjalo. Leloduku elincane, noma iphasela, osule kulo lolonyembezi, lithumele kuye, futhi ungangabazi, uzosinda. Amen.

198 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. O, ngabe uBukhona baKhe bukwenza uqonde na? UJehova usaphila. UJesu, onguye, izolo, namuhla, naphakade.

199 Angikwazi, nenekazi, uyisihambi kimi. Kukhona okuthize enhliziyweni yakhe, ukhulekela omunye umuntu, ongowesifazane osekhulile, lowo ngumama wakhe, nomama wakhe unokukhubazeka, ungowesifazane okhubazekile. Ungumkamfundisi, futhi unabanye enhliziyweni yakho obakhulekelayo. Ungangabazi, yiba nokukholwa, uzokwemukela okucelayo. Uyakukholwa na? UNkulunkulu akakusize-ke. Hamba, ukwemukele, dadewethu.

200 Kulungile. INkosi uNkulunkulu isazi sobabili, nenekazi, angikwazi wena, kodwa uNkulunkulu uyasazi. Uma Ezongitshela ukuthi yini oyizele lapha, uyakholwa na?

Ngabe izethameli zizokholwa na?

201 Ngibona umfana othile amkhulekelayo, uyaphuza. Inenekazi khona lapho, lelonenekazi eselikhulile, ukhulekela indodana yakho ephu- . . . iyadakwa. Yima ngezinyawo zakho umzuzu nje, nenekazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angamthobisa lowomfana, futhi amthumele ekhaya kuwe, enze umKristu ngaye na?

202 Nkosi Nkulunkulu waseZulwini, ngikhulekela lowomama othandekayo nalowomfana, kwangathi angeza kuye

njengendodana yolahleko futhi abuye. EGameni likaJesu. Amen.

Ungangabazi. "Uma ukholwa!"

203 Ubhekise ikhanda lakho phansi, ukhuleka, umfutho wegazi ophakeme awulutho ukuba uNkulunkulu aphulukise. Uyakholwa ukuthi Uzokwenza, mnumzane na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu. . .? Ububhekise ikhanda lakho phansi ukhuleka ngaleyonkathi, uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*. Kulungile. Angikwazi, ngiyakwazi yini, mnumzane na? UNkulunkulu usekuphulukisile manje. Hamba nje ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uNkulunkulu uzokupha khona.

204 Elincane, inenekazi elibukeka liphaphathekile, (Yilowo obukhuluma naye, mnumzane.), ucela isihawu, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengayiphulukisa leyonkathazo yenyongo, akusindise na? Uyakukholwa na? Yima ngezinyawo zakho. Uyazi ukuthi uzizwa wehlukile, sekuhambile kuwe manje, ungahamba ngendlela yakho futhi uthokoze.

205 Ulapha ngenhloso enhle ngempela, ucela uNkulunkulu into ezophuma kokwejwayelekile, kodwa ngibone iNkosi ikwenza, ngisho nasonyakeni wakho, usengathanda ukuba nengane. Ubungumama, kodwa hhayi ngowakho uqobo, umama wabantwana babanye, abantwana ongabazali, kodwa ufuna oyedwa ongowakho uqobo. Yilokho uHana akuzela ethempelini. Yilokho obekusengqondweni yakho, yilokho obukhuleka ngakho ngaphambi kokuba ushiye ikhaya lakho.

206 Ngibona umyeni wakho, ungumNtaliyane, akasuye na? Usenkathazweni, udinga ukuphulukiswa emlenzeni wakhe, emadolweni akhe, engalweni yakhe. Kunjalo. Kulungile. Hamba ukukholwe manje, futhi ungaba nakho okucelayo.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

207 Ubungethande ukudla futhi futhi uzizwe ukahle na? Leyonkathazo yesisu imbi kabi, isimo sokwethuka, kukubangelile. Manje. . .

208 Kunokuningi kakhulu kwakho phandle lapho, angikwazi ngisho ukubona ukuthi yikuphi okuyikho. Uyakholwa manje. Ukukholwa kushaya izethameli. Ake nginikhombise ukuthi ngiqonde ukuthini, bukani, bhekisisani lapha: Bangaki kini phandle lapho ohlushwa yisimo sokwethuka, phakamisani izandla zenu. Ngifuna ukunikhombisa nje. Cishe amaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili ezethameli. Nonke nina ohlushwa yisimo sokwethuka, yimani ngezinyawo zenu khona manje umzuzu nje. (Yima khona lapha.) Ngizokukhombisa inkazimulo kaNkulunkulu, nomaphi. Wonke umuntu okhathazwa yisimo sokwethuka, yima ngezinyawo zakho.

Woza.

Yibani nilokhu nimile nje.

209 Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi, ntombi, yini inkathazo yakho, uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uma ukholwa, awusoze wadingeka ube nalokho kuhlinzwa, uNkulunkulu angalishabalalisa lelothumba, ngakho konke nje ongaba yikho. Uyakukholwa, kwemukele?

210 Noma ubani ophethwe yithumba noma isimila, yima ngezinyawo zakho khona manje.

Woza ukholwa.

211 Okwakhe ukwethuka, futhi.

212 Uma uNkulunkulu engakwenza lapha, uNkulunkulu angakwenza lapho. Bangaki ogulayo noma odinga ukuphulukiswa phandle lapho ozosukuma ngezinyawo zakho umzuzu nje na? Sukuma umzuzwana nje.

213 Kufana kakhulu nempilo phezu kwezethameli! Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Khona-ke thatha izwi lami. UMoya oNgcwele usanda kumboza isakhiwo ngokuphelele, sibukeka nje simthuqasi yonke indawo. Leli yihora lokuphulukiswa kwakho. Akuzukubakhona noyedwa obuthakathaka phakathi kwethu emizuzwini embalwa uma nje nizoMkholwa. Niyakukholwa na?

214 (Manje yimani khona lapha ngokuphulukiswa kwenu.) Akunandaba ukuthi iyini inkathazo yenu, lungelani, khona manje, uKristu uniphulukisile nonke. Senikulungele ukukwemukela na? Manje-ke uma Esevele ekwenzile, kunento eyodwa esele: Siphakamise izandla zethu futhi siMdumise ngakho. Asiphakamise izandla zethu.

215 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, manje simemezela iziqalekiso phezu kukadeveli, wehluliwe, futhi sicela ukuphulukiswa kwalezizethameli, njengamanje. EGameni likaJesu Kristu, makwenziwe.

216 Amakhanda enu ekhotheme namanje, niyazi yini ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ulapha na? Uma unjalo, futhi kade ungabaza isehlakalo sakho, awunaye uMoya oNgcwele, noma uyisoni, ungenyukela lapha khona manje, eBukhoneni baKhe ngqo, khona lapha manje, khona ngqo ngase-altare na? Phuma ngqo bese uza lapha umzuzu nje. Phuma ngqo esihlalweni sakho, yehla ngqo esikhaleni sezihlalo bese uza lapha umzuzu nje, yimani ngqo nizungeze i-altare lapha umzuzu nenzele umkhuleko. Kunjalo, sosha, woza ngqo, manje nonke. Wozani ngqo, phumani ngqo manje, phumani ngqo ezihlalweni zenu, khona ezansi esikhaleni sezihlalo lapha, nonke.

217 Siphe indlela encane e . . . yebo.

